Zulu translation of Archbishop Slattery's Letter for Phase 2.

Isingeniso Sesigaba Sesibili

Isingeniso

Emavikini ayisithupha endlule sigubhe umkhosi wePhasika, lapho sasikhumbula ukuhlupheka nokuvuka kweNkosi; kanti namuhla sigubha umkhosi wePentekoste (umkhosi wokwehla koMoya Ocwebileyo). Lomkhosi uyisikhumbuzo sokwehlela koMoya Ocwebileyo phezu kwabaPhostoli, lapho babebuthene khona egunjini elingaphezulu begcwele ukwesaba amaJuda. Ngokuza koMoya Ocwebileyo bagcwala intshisekelo baqina isibindi futhi bagcwala ukuhlakanipha koMoya Ocwebileyo, base beqala ukwenza umsebenzi ababebizelwe kuwona izimpilo zabo zonke, okwakungukushumayela usindiso egameni leNkosi uJesu. Ngakho lomkhosi wanamuhla ubizwa ngokuthi usuku lokuzalwa kweBandla.

Liyini iBandla?

Zimbili izihloko eziza engqondweni uma umuntu ecabanga ngokuthi iBandla liyini. Esokuqala iBandla siqu salo, elizalwe ngoMoya Ocwebileyo nangokushumayela kwabaPhostoli. Ngabe yini indabuko yeBandla? Lesi isihloko sethu sesigaba sesibili soHlaziyo lweZifundaBhishobhi ezihlangene. Ziningi izindlela zokuphendula lombuzo. Isibonelo: Omunye angathi iBandla izwi leNkosi lesiprofetho (elikhuzayo, elelulekayo, nelibikezela izwi layo), kumbe iBandla izwi lalabo abangenazwi. uPhapha uPius XII wathi iBandla linguMzimba kaKristo.

iBandla likhona ukuze lishumayele indaba ethokozisayo.

Isigungu saseVatican, ngemuva uPhapha uPaul VI noPhapha uJohn Paul II, bathi iBandla lingumsakazi weVangeli ngokwendabuko yalo. iBandla likhona ukuze lishumayele indaba ethokozisayo. Isizathu sokuba iBandla libekhona ukuba liqhubekisele phambili umsebenzi kaJesu emhlabeni. iBandla liyisisetshenziswa sosindiso ngokuthi liqhubeke nokushumayela ukuthi uJesu uyiNkosi, nokuthi ukufa nokuvuka kwakhe kusibuyiselene noBaba wethu osezulwini

iBandla lingubani na?

Ngabe ubani okufanele ukuba aqhubekise umsebenzi kaJesu na? iBandla lakhiwe yiwo wonke umuntu obhabhadisiwe. Ngombhabhadiso wethu sonke sibiziwe futhi sithunyiwe ukuba sibe ngofakazi bakaJesu empilweni yethu. Siba kwabanye izisetshenziswa zosindiso ngempilo yethu yokholo. Sonke kanyekanye siliBandla. Sonke sinegunya kanye nesibopho sokuba ngabashumayeli bendaba ethokozisayo, ukuba sibe ngofakazi bakaJesu ngokholo lwethu. Kwakunomqondo wokuthi ukushumayela ivangeli kumbe ukuba ngofakazi bobukhona bukaJesu ezimpilweni zethu umsebenzi wabaPriste

kuphela. Cha, sonke sinebizelo. Into nje ukuthi ibizelo lethu siliphila ngezindlela ezahlukahlukene. Omunye nomunye unengxenye yakhe esivandeni seNkosi, khumbula isilinganiso somnini sivande kanye nezisebenzi zakhe. Sonke sibiziwe.

Ngabe sifakaza kanjani?

Lokhu kungiletha ephuzwini lami lesibili. Ngabe sibubonisa kanjani ubufakazi bokholo lokuthi uJesu uyiNkosi noMsindisi empilweni yethu. Siyazi ukuthi abaPhostoli benzani ngesikhathi sabo. Baphuma bashiya amakhaya abo beshumayela ivangeli kunoma ngubani owayenezindlebe zokuzwa, abanye babhala iVangeli ukwazisa abantu ngoJesu. Abanye babhala izincwadi bekhuthaza abantu ukuba balungise indlela ababephila ngayo, ngokuthi baziphathe kahle futhi baphile ngokwemfundiso yokholo ababelwamukelile. Kanti futhi babebaqaphelisa ngobunzima nangezingozi ababezohlangabezana nazo ngenxa yokholo.

Kuyefana nakithina, nathi siphiwe uMoya Ocwebileyo. Siphiwe isipho soMoya Ocwebileyo ukuze usisize empilweni yethu yokuba ngofakazi bokholo. Isibonelo: singaba ngofakazi bozwelo ngokukhathalela abanye abantu, kungaba abagulayo, abangenamakhaya njalonjalo. Emiphakathini esiphila kuyona sinezinhlangano kunye namaqembu esingabamba kuzona iqhaza uma sizwa sibizelwa ekwenzeni leyo misebenzi eziyenzayo. Abanye babizelwe ukuba ngofakazi bothando ngendlela ejulile, njengalabo abasebenza ngezingane ezilahliwe. Okusemqoka ukuba sazi ukuthi sonke sineziphiwo. Leziziphiwo esiphiwe zona sizinikelwe ukuba sisize abanye, singabi amaqonqela ngazo. Uma sakha ubudlelwane obuhle lapho siphila khona, sakha uMbuso kaNkulunkulu.

Ngalokho lesisigaba sesibili esikhuluma ngendabuko nobunjalo beBandla, empeleni sikhuluma ngathi uqobo. Ngabe singabantu abaqhubekisela phambili umsebenzi kaJesu na? Ngabe amandla nezipho zoMoya Ocwebileyo ziyabonakala yini ezimpilweni zethu? Emakhaya ethu, emindenini, lapho siphila khona ngabe yindawo enothando lukaNkulunkulu na? Ngabe inhlonipho nokubekezelelana kukhona yini? Emisebenzi kumbe nomaphi lapho sizithola sikhona, ngabe umoya woxolo nokuthula ozalwa ukholo lwethu eNkosi uJesu ukhona yini? Ngabe uJesu yiyona-nto yokuqala nesemqoka ezinhlizweni zethu na, kumbe simubekele phandle eminceleni yempilo yethu na?

Ithemba Elisha neMpilo Entsha.

Umyalezo wePhasika kwakungowethemba, umyalezo wePentekoste owempilo entsha. Ngalesisikhathi sesigaba sesibili sifuna ukuzindla kabanzi ngempilo entsha esiyiphiwe uJesu. NjengamaKhatholika sibizelwe ukuba ngofakazi bendlela entsha yokuphila eyakhelwe phezu kwesisekelo esinguJesu kanye nemfundiso yakhe. Sifuna ukuvuselela ukuzinikela kwethu ezintweni eziligugu zokholo lwethu nokuzazisa njengamaKhatholika. Sifuna ukuqinisa ukuzinikela kwethu ukuba sibe ngofakazi

abanesibindi futhi sizigqaje ngokholo lwethu njengabaPhostoli. Sifuna ukusukuma nathi sibalwe kulabo abazisa uJesu njengoMsindisi wethu.

Izincwajana zemizindlo sezikhona kanti zizotholakala maduze. Injongo ukuba bonke bazifumane futhi bazisebenzise, umuntu ngamunye, amaqembu kunye nezinhlangano, izindela (amaSistela kunye noBrother), kanye nemiphakathi emincane yamaKholwa (izigceme). Kafushane nje, wonke umuntu. Umkhuleko wami ukuthi lemizindlo yesigaba sesibili izosisiza sonke ukuba siqaphele ukuthi umzuzu nomzuzwana wansuku zonke yithuba lokuba sizwisise kangcono futhi sibe ngofakazi abaqotho beNkosi.